**Imiyalelo kaThisha:** Funda lezigaba ezilandelayo ngaphambi ngokokuba nikhulume ngemibuzo ngxoxo nabantwana. Lokhu kuzokusiza ukubuza imibuzo ngokuzethemba nokusiza ukuyisebenzisa njengamathuluzi okusiza abantwana ukuthola ukuthi kwenzekani endatsheni nokuthi eziphi izifundo abangazithola kuyona. Ngokubuza imibuzo nokuthi abantwana baqhamuke nezimpendulo; ukufunda kwabo kuzoba mnandi futhi kube nempumelelo kunokuthi uvele ubanike zonke izimpendulo. Uma beba nobunzima ukuthola izimpendulo sebenzisa izigaba ezilandelayo ukubasiza bagxile endleleni efanele.

## Indaba ifingqiwe

"igundane elincane lisungula isilwane elizicabangela sona, u-Gruffalo, ukusabisa izilwane elihlangana nazo ukuze zingalidli. Igundane liba novalo olukhulu uma selihlangana ubuso nobuso ne-Gruffalo yangempela kodwa lacabanga ngokushesha lase liqhamuka necebo ukuzigcina liphephile! Thola ukuthi likwenza kanjani lokhu…"

## Okuqukethwe

- Funda indaba
- Imibuzo ngxoxo
- Umsebenzi wokufunda 1:Sungula isilwane esithize
- Umsebenzi wokufunda 2: Yakha inyoka ezungezayo
- Umsebenzi wokufunda 3: Shintsha ube ube yi-Gruffalo!
- Umsebenzi wokufunda 4: Yakha awakho amagama
- Umsebenzi wokufunda 5: Dweba owakho unoxhaka we-Gruffalo

## Funda indaba

Ngaphambi kokuba ufunde uncwadi, bheka ingaphandle layo, ufunde amazwibela ngemuva kwencwadi, bese ubuza abantwana ukuthi bacanga ukuthi indaba ingani.

- Banike isikhathi esanele ukusho abakucabangayo kanye nabakubonanyo kanjalo nabakuzwayo.
- Babuze ukuthi uma becabanga i-Gruffalo iyini?

Qala ufunde indaba. Nansi imihlahlandlela engakusiza:

- Funda indaba kancane utshele abantwana balalele ukulandelana kwendaba namagama avumelanayo.
- Chitha isikhathi ekhasini ngalinye bese uyachaza ukuthi kwenzekani.
- Buza imibuzo ngokwenzekalayo ekhasini ngalinye.

Uma usuqedile ukufunda:

- Buyekeza indaba ngokubuza abantwana ukuthi indaba ibingani futhi igundane lahlangana nobani endleleni.
- Buza abantwana ukuthi yini abayithandile ngalendaba.
- Buza eminye yemibuzo engezansi (buza imibuzo ebukeka ehambisana nabantwana bakho)
- Qiniseka ukuthi **wonke umuntu** uyalithola ithuba lokubuza nokuphendula imibuzo. Ungavumeli Labantwana asebekhulile nabazethembayo benze yonke into.

## Imibuzo ngoxo nezihloko

**Imibuzo yokuqondisisa ongayibuza abantwana- Lemibuzo yakhelwe ukubona ukuthi abantwana bayiqondile yin indaba:**

- Kungani igundane lalitshela zonke izilwane nge-Gruffalo? Kungani zonke izilwane zibaleka uma ezitshela ngentandokazi yokudla kwe Gruffalo?
- Engabe
    - isikhova sihlala kuphi?
    - impungushe ihlala kuphi?
    - inyoka ihlala kuphi?

**Imibuzo ngxoxo ongayibuza abantwana – Lemibuzo yakhelwe ukusiza abantwana bacabange kabanzi noma ngokwehlukile ngendaba bese beqhamuka nawabo amacebo nemibono:**

- Igundane liqamba amanga kakhulu kulendaba. Igundane lakwazi ukuphunyuka yize becishe belibamba. Kungabe yibuphi ubungozi bokuqamba amanga?
- Kungabe ukhona umuntu owake wakuqambela amanga?
    - Wazizwa unjani?
- Wake wawaqamba amanga? Ngobani?
- Igundane yilona elibukeka libuthakathaka kodwa ekugcineni laphumelela. Kungabe empilweni kuyenzeka kanje?
- Kungabe kungcono ukuba namandla noma ukuhlakanipha? Nika isizathu sakokubili.
- Igundane lisebenzisa imicabango ukuze lisinde endaweni elihlala kuyona. Kungabe imicabango ingakusiza kanjani ukuth usinde endaweni ohlala kuyona wena?
- Kungabe yikuphi okufanayo phakathi kwegundane kanye ne-Graffalo? Kungabe bahlukene kanjani?

## Umsebenzi 1:Sungula isilwane thizeni

- **Ozokudinga:**
    - Iphepha elingabhaliwe
    - Izinsiza zokudweba (amakhrayoni, imakha, ipeni lomsizi, njll.)
- **Umsebenzi:**

Igundane lichaza izici ezahlukene ze-Gruffalo "Unamazinyo asabekayo nezinzipho ezisabekayo kanye namazinyo asabekayo, nemihlathi yakhe esabisayo. Unamadolo axegayo nezinzwane eziphumile kanye nensumpa enoshevu ekugcineni kwekhala lakhe. Amehlo akhe asawolintshi (orange), ulimi lumnyama, unezinto eziphephuli ezihlabayo yonke indawo emhlane." Buza abantwana ukuthi mabecabanga lazithathaphi zonke lezici igundane - ingabe laqala layibona i-Gruffalo, noma lazicabangela nje?

**Qaphela:** Igundane lasebenzisa imicabango yalo ukwakha Gruffalo ekhanda lalo, yize kwatholakala ukuthi i-Gruffalo iyisilwane esikhona. Abantwana bazothola ithuba lokuzakhela esabo isilwane, basinike noma ngabe eziphi izici abazithandayo.

- **imiyalelo:**

**Yakha isilwane sakho:**

- Nika abantwana amaphepha nezinto zokudweba. Bachazele ukuthi kufanele baqhamuke nesabo isilwane, baphinde baqhamuke nezimpendulo zalemibuzo elandelayo:
    - Ingabe sibukeka kanjani isilwane sakho? Sinike izici ezintathu ezehlukene (lokhu kungenziwa ngomdwebo noma ukuchaze )
    - Ingabe sidlani isilwane akho? Sikuqoqa, noma sikuzingela kanjani ukudla kwaso?
    - Sihlala kuphi isilwane sakho ? Kungani sikhethe leyondawo?
    - Lithini igama lesilwane sakho?

- Nika abantwana isikhathi esiningi sokwakha izilwane zabo. Uma kukhona abantwana abasheshe baqeda, batshele bafake ezinye izici noma bacabange ngeminye imibuzo abangafuna ukuyiphendula mayelana nezilwane zabo.

**Yethula isilwane sakho eqenjini.**

- Uma zonke izilwane seziqediwe, nikeza umntwana ngamunye ithuba lokwethula isilwane sakhe. Uma sebethula kufanele baphendule lemibuzo emine engenhla. isibonelo: i*silwane sakho singaphila iminyaka emingaki? Sithanda siphi isimo sezulu?* Uma unomntwana oyedwa uwena ongamubuza lemibuzo.
- Uma umntwana ehluleka ukuphendula imibuzo, bagqugquzele ukuthi babe nobuhlakani njengasendatsheni yegundane bacabange ngokushesha (azikho izimpendulo ezingalungile- konke abakushoyo kuzosebenza). Uma bebanenkinga futhi vulela imibuzo kwiqembu lonke, ubagqugquzele basho izinto ezingaba izimpendulo. Kodwa umntwana okuwuyena ocabange isilwane uyena ozosho impendulo yokugcina kuyona yonke imibuzo.

**Bukisa ngesilwane sakho wonke umuntu asibone!**

- Uma wonke umuntu esezithulile izilwane zakhe, bukisa ngemidwebo eyenziwe umntwana wakho obondeni noma ikuphi ekamerweni. Qaphela lezi zilwane - kungenzeka kube khona esangempela, njenge Gruffalo!

## Umsebenzi 2:Yakha inyoka ezungezayo

- **Ozokudinga:**
  - Ipuleti lephepha
  - Upende
  - Ibhulashi lokupenda
  - Imakha
  - Isikelo
  - Intambo

- **Umsebenzi:**

Vula ikhasi ku-The Gruffalo elikhombisa inyoka. Buza abantwana ukuthi yini abayaziyo ngezinyoka. Ingabe sebeke bazibona lapho behlala khona? Ingabe bayazi ukuthi izinyoka zihlala kuphi? Zidla ini? Ziziphatha kanjani? Buza abantwana ukuthi bayazisaba na izinyoka. Batshele bachaze ukuthi yini engabenza bazisabe izinyoka noma ingabe sebeke baba nokuthize okwenzeka okwabasabisa ngenyoka. Babuze ukuthi bakhona yini abanesipiliyoni esihle ngenyoka.

Emva kokuxoxa ngenyoka isikhashana, yethula lamaqiniso alandelayo ngezinyoka:

- Izinyoka uhlobo lwezilwane ezihuquza ngesisu ezitholakala kwizwekazi lonke (ngaphandle kwe-Antartica).
- Kunezinhlobo ezingaphuzu kwezi-3000 zezinyoka.
- Ezinye zinobuthi kodwa eziningi azinabo.
- Zidla inyama, nezinye izilwane. Kodwa azikuhlafuni ukudla kwazo- zinemihlathi ekhethekile ezivumela ukuthi zigwinye ukudla kuphelele!
- Zingahlala noma ikuphi, zakha imigodi ngaphansi kwezindlu, kumagoqo ezinduku, nasezihlahleni, njll.

- Izinyoka zinezici eziningana ezihehayo: azinazo izivalo zamehlo (okusho ukuthi azicwayizi), zinegazi elibandayo (okusho ukuthi zidinga ilanga ukuze zifudumale), anamaskeyili, futhi anezikhathi sokubuza (ukuphuma isikhumba). Zikhipha isikhumba esingaphandle njengoba esinye sikhula ngaphansi, zihogela ngolimi futhi zinezindlebe ngaphakathi hhayi ngaphandle.
- Ezinye izinhlobo zezinyoka njengezimfezi nezimamba ezimnyama, zisebenzisa ubuthi ukubulala izinto ezizidlayo, kodwa ezinye njengezinhlwathi zibulala ngokuthi zizigoqe kuyona into ngenhloso yokuyincisha umoya.
- Luningi uhlobo lwezinyoka oluhehayo emhlabeni.
- Ezinye izinyoka zasolwandle ziyakwazi ukuphefumula kancane ngesikhumba, okuzivumela ukuthi zitshuze isikhathi eside ngaphansi kwamanzi futhi ezinye izinyoka ezihamba enhlabathini zinkulu! Isibonelo, Umonya (Anaconda) utholakala e-South America ungaba ngaphezulu kuka 5m (amagxathu ayi-15) ubude.

**Qaphela:** uma iskhathi sivuma yenzani ucwaningo ngohlobo lwezinyoka ezitholakala endaweni yenu. Thola indlela yokuhlukanisa uhlobo lwezinyoka, nifunde nangalezi ezinobuthi uma zikhona! Khombisa abantwana izithombe ukuze bazi izinyoka ekufanele baziqaphele!

➢ **Imiyalelo:**

Manje abantwana bazokwakha ubuciko benyoka, ezungezayo.

- nikeza abantwana amapuleti ephepha, upende, kanye namabhulashi okupenda.
- Yalela abantwana ukuthi bapende **amacala wobabili** epuleti futhi bahlobise ngendlela abayithandayo nangemibala abayithanda inyoka yabo ibe nayo. Kungadingeka benze icala elolodwa ngesikhathi ukuze ipuleti lome kahle. Bangasebenzisa imakha noma eziphi ezinye izinto zokufaka imibala ukuyenza ngendlela abafisa ngayo.
- Uma wonke amapuleti esomile upende, sebenzisa imakha ukhombise abantwana ukwenza ukudweba isimo senyoka ecaleni elilodwa lepuleti (**buka isthombe 1)**. Phakathi nendawo kwepuleti ilapho kuzoba khona ikhanda, umntwana angadweba amehlo nomlomo uma ethanda.



- sebenzisa isikelo ukusika lapho kunomugqa okhumbisa isimo senyoka. Lokhu kuzokwenza inyoka ivuleke iye phezulu naphansi. Bese usebenzisa isikelo ukwenza imbobo encane noma ikuphi ekhandeni layo. Nika umntwana ngamunye intambo ayifake embotsheni bese eyixhoma inyoka **(buka isithombe 2**).
- Uma isixhonyiwe kufanele ikwazi ukugxuma izungeze emoyeni. Gqugquzela umntwana ukuthi ayixhome endaweni lapho izokwazi ukutholwa umoya.

Uma bezisaba izinyoka, mhlampe lena kungaba indlela yokuthi bazijwayele (ngaphandle kwalezi ezinobuthi!). bangasebenzisa namaqiniso abawafundile ngezinyoka ukufundisa abanye abantu ngezinyoka.

*Diagram 1*



*Diagram 2*

## Umsebenzi 3: Shintsha ube yi-Gruffalo!

➢ **Ozokudinga:**

- Amakhrayoni noma amapeni ayimibala/ upende
- Izikelo
- Intambo String
- Imaskhi ye-Gruffalo oyitholile

➢ **Umsebenzi:**

Manje abantwana bazothola ithuba lokwenza nge-Gruffalo. Umntwana ngamunye kufanele athole ikhophi yemaskhi kaGruffalo.

➢ **Imiyalelo:**

- Nikeza abantwana isikhathi esanele ukufaka imasikhi yabo umbala. Bangazama ukuyenza yehluke ngokusebenzisa imibala eyehlukene noma bazame ukuyifanisa nesencwadini.
- Uma sebeyifakile imibala, abantwana abasebenzise izikelo ukusika imaskhi yabo. Bese besika amehlo ngokucophelela. Abantwana abancane bangadinga ukusizwa kulokhu.
- Siza abantwana ukufaka intambo kwimaskhi yabo ukuze ihlale kahle ekhanda, amehlo aqondane nalapho kunezimbobo khona zamehlo. Kusobala amakhanda awalingani ngakho nizolungisa ngendlela efanele ukuze umntwana imlingane.
- Uma amamaskhi eseqediwe, vumela abantwana benzelane ngezindlela ezihlukene. Lokhu kungasho ukuthi babuzana imibuzo nge-Gruffalo, benze indaba, abanye benze sengathi bayigundane/isikhova/impungushe,njll.

## Umsebenzi 4: Yakha awakho amagama

➢ **Ozokudinga:**

- Iphepha
- Amapeni omsizi
- Izikelo

- **Umsebenzi:**

Lomsebenzi owokubhalwa kwamagama owakhelwe abantwana esebeqala ukuzethemba ngokubhala amagama, kodwa lomsebenzi ungakwazi futhi ukusetshenziselwa ukwakha amakhono olimi ebantwaneni asebekhulile. Uma unabantwana abanele, ungabahlukanisa amaqembu, lomsebenzi ungawenza nomntwana oyedwa.

- **Imiyalelo:**

**Eyabantwana abancane:**

- Nika abantwana iphepha, izikelo, namapeni omsizi.
- Yalela iqembu ngalinye ukuthi libhale igama elithi "The Gruffalo" ephepheni. Qiniseka ukuthi ushiya isikhala esincane phakathi kwezinhlamvu.
- Abantwana abasike uhlamvu ngalunye ephepheni. Lokhu kuzobanika izingcezu eziyi-11 zamaphepha ezinohlamvu olulodwa iphepha ngalinye.
- Nikeza abantwana inselelo yokwakha amagama ahlukene ngalezinhlamvu eziyi-11. Oyedwa umntwana eqenjini kufanele awabhale phansi ephepheni lamagama abawatholayo. (isibonelo: RUG, FROG, GOAT, HAT). ungabasiza uma beba nobunzima ukwakha amanye amagama ngendlela.
- Uma abantwana sebeqedile ngo-THE GRUFFALO, ungabanika amanye amagama asencwadini ukuze babenezinhlamvu eziningi: SNAKE, FOX, OWL, njll. Bavumele baqhubeke bakhe amagama uma besanesasasa. Banike inselelo yokwakha amagama amade, namagama avumelanayo (rhyming words), noma amagama akumkhakha othize (izilwane, izenzo, izindawo, njll).

**Eyabantwana asebekhulile:**

Lomsebenzi ungajika ube umncintiswano. Amaqembu azoqhudelana ukubona ukuthi ubani ongaqhamuka namagama amaningi ngesikhathi esikaliwe. Lomsebenzi ungashintsheka ube umncintiswano. Amaqembu azoncintisana ukuqhamuka namagama amaningi ngesikhashana esibekiwe. Umdlalo ungaba nemizuliswano eyehlukene, kulele eskhathini kanye neminyaka yabantwana.

- Imithetho yomdlalo kungaba ile engezansi:

  - Kuyo yonke imizuliswano, abantwana bazonikezwa izincwadi ezintsha (uzosebenzisa amagama angenhla, bese uyakhululeka ukuthi ufake amanye amagama asencwadini ukwandisa umdlalo wethu). Izinhlamvu kumele zibhalwe bese ziyasikwa ngaphambi kokuqala komzuliswano wokuqala.
  - Umzuliswano kumele udonse imizuzu emibili kuya kwemihlanu (ungabheka ubude bawo ngokwezinga labantwana kanye nesikhathi esibekelwe wona). Uzoba umgcini sikhathi osemthethweni.
  - Amagama abhalwe ephepheni ngaphambi kokuphela kwesikhahthi ayobalwa ukuthola imiphumela yamaqembu.
  - Amagama asemthethweni kuphela ayobalwa ngemiphumela yamaqembu, igama negama lizobalwa kanye ngokomzuliswano, lokhu khusho ukuthi:

- Amagama okuzakhela okanye apelwe kabi awadingeki.
- Asilusibenzisi kabili uhlavu olulodwa egameni, ngaphandle kokuthi uhlavu luvela kaningi kuleyongxenye yomdlalo
- Asilusebenzisi uhlavu olungena komunye umzuliswano
- Asiwaphindi amagama

- Ukufaka imiphumela kungasebenza kanje:
  - Uhlavu olulodwa okanye ezimbili egameni = amaphuzu amabili(2).
  - Izinhlamvu ezintathu egameni = amaphuzu amane (4).
  - Izinhlamvu ezine egameni= amaphuzu ayisishayagolombili (8).
  - Izinhlamvu eziyisihlanu egameni= amaphuzu ayishumi nesghupha(16).
  - Izinhlamvu eziyisithupha nangaphezulu= amashumi amathathu nambili (32).
- Ukufaka imiphumela yabantwana abadinga izibalo ezilula kungasebenza kanje:
  - Uhlavu olulodwa okanye ezimbili egameni= amaphuzu amabili(2)
  - Izinhlamvu ezintathu egameni= amaphuzu amathathu (3)
  - Izinhlamvu ezine egameni= amaphuzu amane(4)
  - Izinhlamvu eziyisihlanu egameni= amaphuzu ayisihlanu(5)
  - Izinhlamvu eziyisithupha egameni= amaphuzu ayisithupha(6)
- Imiphumela ingenziwa ngomzuliswano ngawodwa. Imizuliswano kumele ihlanganiswe ndawonye, amaphuzu aphelele agcinwa lapho ezobonwa iwona wonke amaqembu.
- Iqembu okuyilona elinamaphuzu amaningi ekupheleni kwemizuliswano ilona elinqobayo.

## Umsebenzi 5: Dweba esakho isithiyo sokubamba iGruffalo

- **izinsiza**
  - Iphepha elingenalutho
  - Izinsiza kudweba (amakrayoni,amapeni omsizi, etc.)
- **Umsebenzi:**

Uma umntwana/abantwana besijabulela isenzo sokucabanga kanye nokudweba ezabo izilwane, banike omunye umsebenzi: yakha isichiyo sokubamba i-Grufffalo.

Batshele bacabange sengathi bazama ukubamba i-Gruffalo. Kungani kumele bayibambe? Esiphi isithiyo abangasakha? Bangayiheha kanjani? Bagqugquzele basebenzise incwadi ukuthola imibono kanye nolwazi nge-Gruffalo olungabasiza bakwazi ukwakha unoxhaka / isithiyo esifanele.

- **Imiyalo**

Nikeza umntwana/abantwana izinsiza kudweba kanye nesikhathi esifanele ukuze ukwakha isithiyo sabo, bese beyatshengisa ngaso phambi kwamanye amaqembu. Iqembu neqembu lingabuza ngesithiyo ngasinye, ukuthi sisebenza kanjani okanye kungani sakhiwe ngendlela esakhiwe ngayo.

